IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

UJesu Uthulisa Ulwandle Olunomoya Ovunguzayo

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



UJesu kanye nabafundi bakhe babesemukhunjini ngesikhathi kuvela isiphepho esikhulu. Isivunguvungu saguqula ulwandle lase-Galile. Loluhlobo lesivunguvungu lungabangela ukuphahlazeka komkhumbi kanye noku gwiliza.

Isivunguvungu sathusa abafundi. Amagagasi avala umkhumbi, wagcwala amanzi. Kodwa uJesu wayezilalele ecamele, edonsa ubuthongo phakathi kwesivunguvungu.



Abafundi bamuvusa uJesu, bekhala, "Thisha, Thisha, siyacwila!"

“Nithuswa yini, Nina eninokholo oluncane?” UJesu ebuza abafundi. Kusenjalo uJesu wakhuza umoya ukuba uthule . . . futhi . . .uJesu watshela ulwandle ukuba luthule luthi nya . . .

FUTHI UMOYA WEHLA . . . ULWANDLE LWATHULA. Abafundi bemangele, bathi, “Ngabe ubani lo, ngisho nomoya kanye nolwandle luyamulalela!”



Emva kwesikhathi, uJesu waba nolunye usuku oluphithizelayo. Walandelwa abantu abangaphezu kwa-5000 endaweni eyihlane. Ngamandla kaNkulunkulu, uJesu wasuthisa izixuku esebenzisa nje umphako womfana omcane. Kwahlwa. UJesu wathumela abantu emakhaya.

Ngisho nabafundi kwakumele bahambe. UJesu wabanxusa ukuba bangene emkhunjini bamphelezele ngaphambili ekuweleni ulwandle lwase Galile.





Withi esethumele wonke umuntu, uJesu waya entabeni ukuyothandaza. Kwathi kuhlwa, wabe eseyedwa khona.



Ecwebeni, abafundi bahlaselwa umoya onamandla. Umoya wabavimba ukuba bewele Icweba, sebesemkhunjini amahora amaningi. Abafundi babengazi, kodwa babelindwe isimanga esikhulu!



Kwathi phakathi kwehora lesithathu kanye nelesithupha ekuseni, phakathi komoya owawuvunguzisa ulwandle, abafundi babona into eyabafikisela ukwesaba okukhulu. Bathi "Umoya omubi!" besho bekhala. Kodwa lowo kwakungu Jesu, Inkosi nomSindisi, eza kubo, EHAMBA PHEZU KWAMANZI.

“Umoya wokujabula phezu kwenu!” uJesu wamemezela kubo. “Yimina, ningasabi.” uPetru waphendula wathi. “Nkosi uma kunguWena, ngiyale ukuba ngihambe phezu kwamanzi ngize Kuwe.” Ngakho ke uJesu wathi, “Woza.” Ngesikhulu isibindi, uPetru waphuma emkhunjini wahamba phezu kwamanzi eya kuJesu.



Uthe ebona umoya uvunguza, uPetru wafikelwa ukwesaba, waqala ukucwila. Wase ekhala, “Nkosi, ngisindise!”

Ngaso leso sikhathi, uJesu walula isandla wabamba uPetru. "O wena onenkolo encane, kungani unokungabaza na?" Esho ebuza. Kwathi uPetru kanye neNkosi uJesu sebengene emkhunjini, umoya wama.



Kwase kuthi laba ababesemkhunjini beza badumisa uJesu, bathi, “Impela uyiNdodana kaNkulunkulu.”

UJesu Uthulisa Ulwandle Olunomoya Ovunguzayo

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mathewu 8, Mathewu 14,
Marku 4, Luka 8

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16